# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto elilandulela elilandulela elokugcina emva komkhosi obuThathwemunye, ka 06. 11. 2011 54/2011

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele

1. Iculo 393/230
2. Umkhuleko: Nkulunkulu, Baba osezulwini, siyabonga, ngoba ngezwi lakho usasivuselela nasekugcineni komnyaka wekerike. Sesiyacela ukuba uvule amehlo ethu ukuba sibone ngezwi lentshumayelo ya namuhla ukuthi uSathane uzama ngamandla akhe ukuhlukanisa abantu neNdodana yakho uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Futhi mawuvule izindlebe zethu ukuba sizwe ngezwi lakho ukuthi iNdodana yakho uJesu Kristu unguye osihlenga ezinkohlisweni zikaSathane ukuba umsebenzi wekerike lakho uqhutshwe nasekugcineni komnyaka wekerike nasekugcineni komhlaba ngomunwe wakho ukuhlenga abantu emandleni nasezinkohlisweni zikaSathane ngezwi namasakramente akhe, aze abuye enkazimulweni yakhe ukwahlulela abasahambayo nabafileyo. Mawusizwe ngenxa yeNdodana yakho uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.
3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 14:7-9
4. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 17:20-30.
5. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
6. Iculo 293/227
7. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
8. Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe
9. kuLuka 11:14-23, lithi: *UJesu "wakhipha idemoni, laliyisimungulu; kwathi seliphumile idemoni, wakhuluma oyisimungulu; abantu bamangala. Kepha abanye kubo bathi: 'Ukhipha amademoni ngoBelzebule umbusi wamademoni.' Abanye bemlinga bafuna kuye isibonakaliso esivela ezulwini. Kepha yena eyazi imicabango yabo wathi kubo: 'Yilowo nalowombuso owahlukene wodwa uyachitheka, indlu idilike phezu kwendlu. NoSathane, uma ehlukene yedwa, umbuso wakhe uyakuma kanjani na? lokhu nithi ngikhipha amademoni ngoBelzebule. Uma mina ngikhipha amademoni ngoBelzebule, amadodana enu awakhipha ngobani na? Ngalokho-ke wona ayakuba ngabahluleli benu. Kepha uma ngikhipha amademoni ngomunwe kaNkulunkulu, umbuso kaNkulunkulu usufikile phela kini. Uma isiqhwaga sihlomile, silinda umuzi waso, impahla yaso ihlezi ngokuthula. Kepha nxa*

*onamandla kunaso esisukela, asinqobe, uyasaphuca izikhali zaso zonke ebesizethembile, ayabe impango yaso. Ongenami umelene nami; ongabuthi nami uyahlakaza."* Amen.

10. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini uJesu Kristu, ngezikhathi zonke iNkosi uJesu Kristu iyathanda ukusibizela ekwazini ukuba sikhumbule ubukhulu bokukholwa nguye. Ngakho uyasikhumbuza nasekugcineni komnyaka wekerike ngezwi lentshumayelo yanamuhla ukuthi abangenaye bamelene naye, abangabuthi naye bayahlakaza umhlambi wezimvu zakhe. Ake sizihlolisise kulesisikhathi ngokuthi sinaye embusweni kaNkulunkulu, noma simelene naye; siyabutha okulahlakileyo kanye noKristu, noma siyahlakaza amakholwa ukuba angabe esalandela uKristu, kodwa abuyele esitheni sakhe, esinguSathane, na?

    Ngakho lokhu iNkosi uJesu Kristu ngezwi lentshumayelo yanamuhla ithanda ukuvula amehlo ethu ukuba sibone ingozi nesilingo esikhulu esikhona ngamandla nezinkohliso eziningi zikaSathane; futhi iyathanda ukuvula izindlebe zethu ukuba sizwe ukuthi uJesu ukhona ukusisiza, nokusihlenga sonke emandleni nasezinkohlisweni zikaSathane ukuba sibe ngabombuso kaNkulunkulu, sibambelele kuJesu, simlandele njalo. Yikho okubili ngokufushane izwi lentshumayelo yanamuhla elisitshela khona.

    Masiqaphele ukubona ukuthi uSathane uyazama kanjani ukuhlukanisa abantu noJesu. UJesu uyasiza abantu, uyabaphulukisa ngomunwe kaNkulunkulu, ngothando olukhulu, ngosizo oluyilo impela. Kukhona abamukelayo usizo lwakhe ngokukholwa, kodwa kwabanye amehlo ayephuphuthekisiwe ukuba bangaboni ukuthi kwakulusizo, ukuphulukiswa, ukuhlengwa impela, kodwa babekhohliswa ngamanga amakhulu, ayizithelo zesitha, nezenkohliso enkulu kaSathane, baholelwe ekudukeni okukubi, bacabange ukuthi okuhle okwenziwa nguJesu, uMsizi, noMsindise weqinsio ngamandla oMdali wabantu kuyimisebenzi eyenziwe ngamandla kaBelzebule, omkhulu wemimoya emibi. Kanjalo siyabona kaningi ukuthi abantu bayakhohliswa nguSathane ukucabanga ukuthi okwenziwe ngemikhuba nemithetho emelene nentando kaNkulunkulu kungokuhle, kungokusiza abantu impela. Abaningi badukiswa endleleni eyingcingo eyisa ekuphileni okuphakade, endleleni esiyilungiselwe yiNkosi uJesu Kristu ukuba samukele intethelelo yezono zethu ngokubhapathizwa egameni likaNkulunkulu uMthathwemunye, ngokuthethelelwa egameni lakhe, nangokudla umzimba kaKristu, nokuphuza igazi lakhe elithululelwe kube ngukuthethelelwa kwezono, badukiswa kulendlela, balandela izinhlobonhlobo zakho okuphakanyiswa ngobumnandinandi obulahlwa nguNkulunkulu, noma buthokozisa izinhliziyo zabaningi. Masingakhohlwa noma nini ukuthi uSathane usazungeza umhlaba ehamba njengebhubesi elibhodlayo efuna angamgwinya ukuba siqonde, silinde, simelane naye ngokuqinisela ekukholweni.

Okungukukholwa ukuthi ngokwempela uJesu wayengasebenzi ngamandla yomubi, yomkhulu wemimoya emibi, kodwa wenza zonke izenzo zakhe, eyiNdodana kaNkulunkulu ezelwe yodwa, ehle ezulweini ngothando lukaYise, uNkulunkulu weqiniso, uMdali wabantu bonke ukulungisela abantu bonke bezizwe zonke bezikhathi zonke insindiso yokuphila okuphakade, uJesu enguye uNkulunkulu uqobo ezelwe nguYise phambi kwezikhathi zonke, nomuntu futhi impela ozelwe nguMaria intombi ngamandla kaMoya oNgcwele, enguye ohambile emhlabeni esiza abantu abaningi ngokubaphulukisa, nokubafundisa, nokubachasisela umthetho kaNkulunkulu ukuba abantu baziqonde, baholelwe ekudabukeni ngezono zabo, nasekuthethelelweni, ekusindisweni, nasekuphileni egameni lakhe ukuba bahlengwe ezonweni, nasekufeni, nasemandleni, nasezinkohlisweni zonke zikaSathane, bakhululwe kukho, kungabi ngegolide, noma ngesilifiva, kodwa ngokuhlushwa nokufa kwakhe engenacala ukuba sibe ngabakhe, siphile naye embusweni kaNkulunkulu, njengalokhu yena uqobo evukile kwabafileyo, ephila, ebusa kuze kube phakade. Yikho okuluthando olukhulu lukaJesu ukuba angadinwa ukuseluleka, nokusifundisa, nokusivuselela njalo ngezwi lakhe ngokusimema ukuba siphile embhapathizweni wethu, sikwethembe ukuthethelelwa kwezono zethu, siqiniselwe ekukholweni kwethu ngokwamukela umzimba wakhe, negazi lakhe esidlweni sakhe esingcwele. Lapho abantu bamukela khona isimemo sakhe, amehlo abo ayavulwa, nezindlebe zabo. Izinhliziyo zabo ziyahlanzwa ukuba bangangabazi ngakho esikwenzelwe, esikulungiselwe nguKristu, sizokholwa, nokwethemba ukuthi uJesu uyilo leliQhawe likaNkulunkulu esilithunyelwe impela ukubopha, nokunqoba uSathane, isitha sokuphila nokusindiswa konke, eyiQhawe elenza konke elikwenzayo ngomunwe kaNkulunkulu, elizonqobela izoni ukunqoba izinkanuku ezimbi zazo ukuba ziqhubeke kahle endleleni yokukholwa.

Kanjalo ke iNkosi uJesu iyasiluleka ngezwi lakhe ngezikhathi zonke ukuba singakhohliswa nguSathene ngakho okwamukelwa ngabantu njengokukhazimula okwezinkohliso zakhe, kodwa baqinisele ekukholweni kweqiniso ukuba baqhubeke endleleni eyingcingo, baze bafinyelele ekuphileni okuphakade enkazimulweni kaJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko: *Jesu Kristu, Nkosi yethu, siyabonga nangalesisikhathi ekugcineni komnyaka wekerike. Mawuzibonakalise kuwo amakholwa akho ngokukhipha umoya omubi, akhumbule ukuthi uSathane unqotshiwe. Wena wachitha umbuso wakhe wobumnyama, waveza umbuso wakho wokukhanya. Siyacela ukuba nasezinhliziyweni zethu ukhiphe konke okubi okungavimbela izwi lakho ukuba silamukele. Nkosi, sisize ngomusa wakho, wamukele*

*umkhuleko wethu, usibusise ngezwi esilizwile ngentethelelo, nensindiso nokuphila okuphakade esikulungiselwe nguwe.* Amen.

11. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

12. Iculo 294/229

13. Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu.

Lentshumayelo ilotshiwe ngomnyaka ka-2011 ngu-E. A. W. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwalezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangno ethiwa: Lutheran Heritage Foundation